ISOLEZWE NGESONTO (Gauteng)
17 Aug 2014, p.18



**UMTHWEBULI u-Adrian Steirn nenye noHerman Mashaba abazoba sohlelweni i-21 *ICONS* kuSABC3 ebusuku**

# Isiqephu sabayibekile induku ebandla

***21 Icons South Africa II***
**SABC3**
**8.27 ebusuku**

KUZOQHAKANJISWA izingqalabutho zakuleli ezibe ngamavulandlela emikhakheni ehlukene.

UHerman Mashaba owasungula inkampani yemithi enakekela izinwele iBlack Like Me nenkakha kwezamafilimu u-Adrian Steirn bangamaqhawe akuleli sonto.

Yize uMashaba eke wabhekana nezivuvaba empilweni kodwa ungomunye wabantu abayibekile induku ebandla.

Kukho konke akunqobile ugqamisa uthando nentshisekelo yomsebenzi wakhe nokuthanda ukubona abantu bebahle.

Ngakolunye uhlangothi, uSteirn ugxile kwezamafilimu futhi ungumthwebuli

Lesi ngesinye seziqephu ezizohlomulisa isikhungo sabaswele. Kulokhu kuzoba yiThe Field Bank Foundation. Imali ngetholakale ngezithombe zikaSteirn eshutha uMashaba.

*This material has been copied u a DALRO licence and is not for resale or retransmission.*